



Ibuyekeziwe –
Ihambisana
ne-CAPS

Ibangaloku-

Amakhono Empilo ISIZULU

Incwadi yoku-
lthemu 1&2



Workbooks available in this series:

- Grade R
(in all official Languages);
- Literacy/Home Language Grades 1 to 6
(in all 11 official Languages);
- Mathematics Grades 1 to 3
(in all 11 official Languages);
- Mathematics Grades 4 to 9
(in Afrikaans and English);
- Life Skills Grades 1 to 3
(in all 11 official Languages); and
- Grades 1 to 6 English First Additional Language.

**LIFE SKILLS IN ISIZULU
GRADE 1 – BOOK 1
TERMS 1 & 2
ISBN 978-1-4315-0233-2**

THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.

11th Edition



Igama:

Iklasi:



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



Okuqukethwe

Ithemu 1 ikhasi

- 1 Mina 2
 - 2 Imibala nomdanso 4
 - 3 Sonke sehlukile 6
 - 4 Asifani sonke singabantu 8
 - 5 Cula iculo 10
 - 6 Ngiyaziqhenya ngesikole sami 12
 - 7 Izindawo ezahlukahlukene 14
 - 8 Ikilasi lami 16
 - 9 Siya kanjani esikoleni? 18
 - 10 Ngihlala njihlanzekile 20
 - 11 Eminye yemikhuba emihle 22
 - 12 Ngihlanzekile 24
 - 13 Izenzo ezinempilo 26
 - 14 Ukuhlanzeka 28
 - 15 Isimo sezulu engisithandayo... 30
 - 16 Isimo sezulu 32
- 

Ithemu 2 ikhasi

- 17 Umndeni wami 34
 - 18 Umndeni wami 36
 - 19 Siyanakekelana 37
 - 20 Ukukhombisa ukunakekelana 38
 - 21 Ukuphepha ekhaya kanye nasezindaweni ezsizungezile (1) 40
 - 22 Ukuphepha ngaphakathi nangaphandle kwekhaya (2) 42
 - 23 Ukuphepha uma ngisele ngedwa ekhaya 44
 - 24 Okunye ofanele ukukhumbule 46
 - 25 Umzimba wami 48
 - 26 Izinzwa zami 50
 - 27 Ukunyakazisa umzimba wami 52
 - 28 Cabanga ngokushesha 54
 - 29 Ukuzigcina uphephile 56
 - 30 Ukugcina umzimba wami uhlale upholile (1) 58
 - 31 Ukugcina umzimba wami uhlale upholile (2) 60
 - 32 Make sibone-ke 62
- 



UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundu
Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundu Eyisisekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundu Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundu Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenyé yoMnyango weMfundu Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundu yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundu ukuthi ukwazi ukukhiqiza upholide usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhulen ikwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.


Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Eleventh edition 2021


ISBN 978-1-4315-0233-2

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.



ibanga loku- 1




Amakhono Empilo
NGESIZULU
Incwadi yoku-l



Le ncwadi ngeka –



Mina



IThemu I – ISonto I – Ikhasi lokusebenzela

Masenze lokhu

Namathisela isithombe sakho
kumbe uziphebe wena lapha.



Igama lami ngingu



Isibongo sami ngingu

Ngineminyaka e _____
ubudala.

Umndeni wami unamalungu a

Inombolo yethu yocingo ithi:

Ikheli lethu lithi:



Ngiyalwazi usuku lwami
lokuzalwa.

yebo

angazi kahle


cha

Usuku:

2



Masidwebe



UJoo ulidlala kahle ibhola lezinyawo.

Dweba into okwazi ukuyenza kahle.



Tshela abangane bakho ukuthi yini okwazi ukuyenza kahle. Landelisa ngokufaka umbala enkanyezini ukukhombisa ukuthi yini okwazi ukuyenza.

Masikhulume



Ngiyakwazi ukufunda.



Ngiyakwazi ukuzigqokisa.



Ngiyakwazi ukubhala igama lami.




Ngiyakwazi ukudansa.



Ngiyakwazi ukwenza itiye.



Ngiyakwazi ukuxubha amazinyo ami.



Imibala nomdanso

IThemu I – ISonto I – Ikhasi lokusebenzela



Masenze lokhu

Uyayazi le mibala? Tshela abangane bakho amagama emibala.



Faka umbala ofanele esithombeni ngasinye.

Ubhanana ophuzi	I-aphula elibomvu	Ijezi elisasibhakabhaka
Isambulela esimibalabala	Iwolintshi elinombala wewolintshi	Icembe eliluhlaza



Masiphumele ngaphandle

Ngaphambi kokwenza noma yini ngaphandle, qala ngokuzelula njengekati. Lokhu kuzokwenza umzimba unyakaze kalula. Zelule ngemuva kokwenza okuthile ngokuthi uphumule uphole. Lokhu khona kukusiza ukuthi ungabi nobuhlungu bezicubu zomzimba. Enza-ke manje lokhu okwenziwa yilezi zingane.



Cula iculo elithi "ikhanda namahlombe" ngenkathi:


- wenza sengathi udlala isigubhu.
- wenza sengathi udlala isiginci.





Masizijabulise

Shayani izandla ngendlela elandelayo.



Khwehle

Khwehle

Khwehle

Khwehle



Khwehle

Khwehle

Khwehle



Khwehle

Khwehle

Khwehle

Khwehle

Khwehle Khwehle Khwehle Khwehle Khwehle



Masenze lokhu

Ungakwazi ukwenza lezi zinto? Khombisa abangane bakho.


Ngiyakwazi ukugijima ngiye le nale nale
ngingashayisani namuntu.



Ngiyakwazi ukudlala ingqathu.



Ngiyakwazi ukugingqela ibhola elikhulu
kumngane wami.





3

Sonke sihlukile

IThemu 1 – ISonto 2 – Ikhasi lokusebenzela



Buka isithombe utshele umngane
wakho ukuthi laba bantwana
behlukene ngani nani.



Kukhulu kuncane

Abanye bethu bakhulu, abanye bancane.

Abanye bethu bafushane kanti abanye bade.

Abanye bakwazi ukugxuma, abanye bakwazi ukucula.

Sonke sinento esikwazi ukuyenza kahle.

Yini wena okwazi ukuyenza kahle?



Tshela abangane bakho ukuthi kube
njani ngenkathi uqala esikoleni esisha.

ujabulile	ukhathazekile	weneme	uthukuthele	unamahloni



Dweba isithombe usho ukuthi **ungaba njani** uma uphiwa ithoyizi elisha.
Bhala igama elifanele esikhalieni ngezansi bese udweba uveze ukuthi
ungaba njani uma kwenzeka lokhu.

6

Usuku:



Masikhulume

Tshela umngane wakho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye. Yisho ukuthi ungaba njani uma lezi zinto zingenze ka kuwe. Beka uphawu ebusweni obufanele.



Uma intombazane
endala kunawe
ithatha izinto zakho.



ngingajabula

ngingaba
ngothakasile

ngingakhathazeka

Uma wena nomngane
wakho nihlala phansi
nidlala.



ngingathukuthela

ngingajabula

ngingathuka



Uma uqaqa isipho.



ngingathuka

ngingaba
ngothakasile

ngingaba
namahloni

Uma umfowenu noma
udadewenu ephula
ithoyizi olithandayo.



ngingaba
namahloni

ngingathokoza

ngingathukuthela



Masenze lokhu

Ngcolisa umunwe wakho ngopende, bese uthinta iphepha
ngalowo munwe. Cela umngane wakho enze njalo naye.
Kuzosalela iminwe ephepheni.

Uthi bewazi ukuthi akekho umuntu
oneminwe enjengeyakho emhlaben?

Ungokhethekileyo, nguwe kuphela oyilo
muntu **onguye** emhlaben wonke. Ngisho
amawele awanayo iminwe efanayo.

Uyabona ukuthi iminwe
kayifani?



Uthisha:
Sayina:
Usuku:



4

Asifani sonke singabantu

Ithemu I – Isonto 2 – Ikhasi lokusebenzela



Buka laba bantwana.
Ubona sengathi bayafana?
Bahlukene ngani?



Buka lesi sithombe bese ubheka ukuthi okushiwoyo **kuliqiniso**
noma **akulona yini**.
Faka umbala osatshani emishweni eliqiniso.
Faka umbala obomvu emishweni engesilo iqiniso.



Bonke banezingalo ezimbili
nemilenze emibili.



Bonke bangamantombazane.

Bonke bagqoke izicathulo.



Bonke bagqoke
amabhulukwe.

Bonke bayizingane.



Bonke banezinwele ezinde.

Usuku:



Masidwebe

Dweba isithombe sakho esikhali sokuqala. Bese udweba isithombe somngane wakho omkhulu. Emva kwalokho ubuke izithombe zombili ubheke ukuthi yini eningafani ngayo ninomngane wakho.




Mina	Umngane wami



Masenze lokhu

Faka umbala kuleli ketanga lobungani ukukhombisa ukuthi abantu abafani. Uma sewuqedile ulisike iketanga uhlobise ngalo indawo okusikwa kuyo kule ncwadi.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

q

IThemu I – ISonto 3 – Ikhosi lokusebenzela

5

Masicule

Cula iculo

Ngaphambi kokuthi ucule, zivocavoce kanje:
Donsa umoya kakhulu uwuphefumule ngokuwuyeka
kancane kancane.



Enza sengathi ucisha amakandlela ekhekheni losuku
lwakho lokuzalwa. "hl-hl-hl-hl-hl".

Izinkawana ezinhlanu

Izinkawana ezinhlanu

Izinkawana ezinhlanu zagxuma embhedeni
Eyodwa yawa yalima ekhanda
Umama wabiza udukotela, udukotela wathi
"Akukho zinkawana zagxuma embhedeni"



Izinkawana ezine zagxuma embhedeni

Eyodwa yawa yalima ekhanda
Umama wabiza udukotela, udukotela wathi
"Akukho zinkawana zagxuma embhedeni"



Izinkawana ezintathu zagxuma embhedeni

Eyodwa yawa yalima ekhanda
Umama wabiza udukotela, udukotela wathi
"Akukho zinkawana zagxuma embhedeni"



Izinkawana ezimbili zagxuma embhedeni

Eyodwa yawa yalima ekhanda
Umama wabiza udukotela, udukotela wathi
"Akukho zinkawana zagxuma embhedeni"

Inkawana eyodwa yagxuma embhedeni

Yona yodwa yawa, yalima ekhanda
Umama wabiza udukotela, udukotela wathi
"Akukho zinkawana zagxuma embhedeni"





Masidwebe

Dweba ubuso bakho.
Budwebe bube namehlo, izindlebe, umlomo nezinwele.
Tshela abangane bakho ukuthi ubukeka kanjani.




Masiphumele ngaphandle

Beka izinto
ezithikamezayo
ngaphandle kwekilasi
ezifana nalezi. Uzokusiza
uthisha wakho.

Eqa usuke esihlalweni
uye kwesinye.

Gaqa ngamadolo uphume
ngaphansi kwamatafula.





6

Ngiyaziqhenya ngesikole sami

IThemu 1 – ISonto 4 – Ikhasi lokusebenza



Masenze lokhu

Dweba isithombe sakho ugqoke izingubo zesikole.
Emva kwalokho ugcwalise izimpendulo lapho kufanele khona.



Ngiya esikoleni




Isibongo sikathisha wami ngu –

Isibongo sikathishomkhulu ngu –



Bhala

Bheka izithombe.
Sika igama elihambisana
nesithombe ulinamathisele
eceleni kwesithombe.



inkundla yebhola

ikilasi

ihhovisi

umabhalane


indlu encane






Bhala

Ngobani laba bantu abahlukahlukene abasesikoleni? Buka isithombe ukhulume ngokuthi bangobani nokuthi benzani laba bantu. Sika igama elifanele emagameni angezansi kuleli khasi ulinamathisele eceleni kwesithombe esifanele. Yalela umngane indlela eya ehhovisi likathisha omkhulu, endlini encane kanye nasezinkundleni zemidlalo.



Masizjabulise

Ibhokisi likaJona alithandayo liwile. Yisho ukuthi unamakhrayoni amangaki, bese ubhala inani lawo ebhokisini. Dweba isithombe esinemibala ekhanyayo kwelinye iphepha, ukhombise ukuthi wena nomngani wakho nidlala kanjani. Dweba ifulemu izungeze isithombe.



abantwana

umhlanzi wendlu

uthisha

uthishomkhulu



7

Izindawo ezahlukahlukene

Ithemu I – ISonto 4 – Ikhasi lokusebenzela

Masenze lokhu

Khombisa umngane wakho ukuthi wena uyakwazi:

ukucasha ngaphansi
kwento ethile.



Casha ngemva
kwento ethile.



ngicashe ngaphansi
kwetafula.



Yima eduze kwento ethile.



Yima phezu kwento ethile.

Masiphumele
ngaphandle

Sebenzisa ibhola kumbe isaka likabhontshisi. Lijikijele phezulu bese ulinqaka. Lithwale isaka uliyekelile ekhanda bese uzulazula nalo kancane. Lithwale-ke manje uliyekelile bese uhambahamba phezu kwento ethile kumbe phezu komugqa odwetshwe phansi.

Ngiyakwazi ukujikijela.



Ngiyakwazi ukunqaka.



Ngiyakwazi ukuthwala
isaka likabhontshisi ngiliyekelile.



Usuku:



Masiphumele ngaphandle

Shaya phansi ngezinyawo kanje.

X = Ngesokunxele



D = Ngesokudla



The scroll features three rows of dancing feet. The first row has four feet, with the second and fourth ones marked with 'X' and the others with 'D'. The second row has seven feet, with the first, third, and fifth ones marked with 'D' and the others with 'X'. The third row has eight feet, with the first and second ones marked with 'XX' and the others with 'D'.

Row	Foot 1	Foot 2	Foot 3	Foot 4	Foot 5	Foot 6	Foot 7	Foot 8
1	X	D	X	D	X			
2	D	X	D	D	X	D	X	D
3	XX	D	X	X	D	X	D	


Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Ikilasi lami

Masikhulume





Bukisisa lesi sithombe bese ukhuluma ngalokho okubonayo.

Kuleli kilasi kwenzeka izinto ezimbi nezinhle.
Yikuphi ukuziphatha okuhle okubonayo?





Beka uphawu ✓ eceleni kwakho konke ukuziphatha okuhle bese
ubeka isiphambano ✗ eceleni kwakho konke ukuziphatha okubi.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:




9

Siya kanjani esikoleni?

Ithemu I – ISonto 5 – Ikhasi lokusebenza



Uya kanjani esikoleni nsuku zonke? Uphephile? Zikhona izindlela zokuya esikoleni ezingaphephile? Xoxa nomngane wakho nisho ukuthi lezi zingane ziya kanjani esikoleni. Beka uphawu ✓ kwizindlela eziphephile zokuya esikoleni. Beka uphawu ✗ kulezo ezingaphephile.



Uya kanjani esikoleni ekuseni?



Masenze lokhu

Buza abangane bakho aba-5 ukuthi baya kanjani esikoleni nsuku zonke. Beka uphawu kuleli shadi elenzelwe bona.

ngezinyawo



ngebhasi



ngemoto/ngeveni



Amagama abangane

1	2	3	4	5
---	---	---	---	---



Masiphumele ngaphandle

Ngiyakwazi ukugwinciza uma ngijijima.

Yebo Cha

Ngiyakwazi ukushintsha izindlela uma ngijijima ngoba ngitshelwe nguthisha wami.

Usuku:



Masenze lokhu

Dweba isithombe esikhombisa ukuthi uhamba kanjani uma uya esikoleni.



Masiphumele
ngaphandle

Lalela umculo ozodlalwa nguthisha wakho.



Wudansele umculo lowo.

Gobisa amadolo welule imilenze yakho.

Dlalisa amahlombe uwehlise uwaphakamise.

Yisa izihlakala kwesokunxele ubuye uziyise kwesokudla.



Masiphumele
ngaphandle

Nqakisanani ngebhola wena nomngane wakho.

Sebenzisa ingalo ongajwayele ukuyisebenzisa ukujikijela ibhola ulibuyisele emuva.



Kungabe ngikwazile ukujikijela ibhola ngilibuyisele emuva ngengalo engingajwayele ukuyisebenzisa?



Masiphumele
ngaphandle

Qhuba umngane wakho sengathi uqhuba ibhala.



Ngihlala ngihlanzekile

Kubalulekile ukujwayela imikhuba emihle usemncane.

Nazi izinto ongazenza ukuhlala uhlanzekile.

Xoxa ngesithombe ngasinye.

Masikhulume

Ithemu I – ISonto 6 – Ikhasi lokusebenzela



Ngixubha amazinyo ami.



Ngihlanze izandla zami njalo uma kade ngisendlini encane.




Ngigeze njalo nje.

Mina kumele



Ngihlanze izithelo njalo ngaphambi kokuzidla.



Ngihlanze izinzipho njalo.



Ngisebenzise indlu encane.



Ngisebenzise iduku uma ngithimula, ngikhwehlela noma ngisula ikhala.

Usuku:




Bhala

Yiziphi izinto kulezi okumele uzisebenzisa ukuze uhlale uhlanzekile?
Faka umbala enkanyezini ukhombise ukuthi usebenzisani ukuzigcina
uhlanzekile. Usho futhi ukuthi uzisebenzisa kanjani ukuzihlanza wena ngazo.



Beka uphawu ukhombise ukuthi ungakwenza yini okulandelayo:	yebo	cha
Ngiyakwazi ukugibela isitebhisi sejangele -jimu.		
Ngiyakwazi ukuhamba ngokubambelela ngezandla kujangele -jimu.		
Ngiyakwazi ukugaqa ngamadolo kujangele -jimu.		





11

Eminye yemikhuba Emihle

IThemeu I – ISonto 6 – Ikhasi lokusebenza



Masifunde

Omunye umkhuba omuhle
wokusebenzisa indlu encane
ngendlela efanele.

Khumbula



Uma kwenzeka ungcilisa
endlini encane, yihlanze.



Khumbula ukushaya ithoyilethi
uma kade usendlini encane.



Vala umnyango uma usendlini
encane.



Ungalimoshi iphepha lasendlini
encane.



Hlanza izandla njalo uma ukade
usendlini encane.



Bhala

Kokelezela amagama asitshela ukuthi kumele sizenze kangaki lezi zinto.

Ukugeza izinwele.



nsuku zonke

ekuseni nantambama

kabili ngesonto

kanye ngesonto

Ukuxubha amazinyo.



nsuku zonke

ekuseni nantambama

kabili ngesonto

kanye ngesonto

Ukugeza umzimba.



nsuku zonke

ekuseni nantambama

kabili ngesonto

kanye ngesonto

Ukugeza ubuso.



nsuku zonke

ekuseni nantambama

kabili ngesonto

kanye ngesonto



Ngihlanzekile

IThemu I – ISonto 6 – Ikhasi lokusebenza

Masiphumele
ngaphandle

Dlalani umdlalo othi "USimoni uthi" kanye nothisha.
Hambahambani ningashayisani nakancane.
USimoni uthi "**thinta ikhanda lako.**"

Khombisa lokhu

Khombisa umngane wakho ukuthi
ukwenza kanjani lokhu.

Geza izingalo zakho.



kama izinwele.



sula izandla



xubha amazinyo.



geza ubuso.



Usuku:



Masiphumele
ngaphandle

Yishoni lomlolozelo nilingisa

Ngingashaya izandla

Ngishaye phansi ngezinyawo

Nginqekuzise ikhanda

Ngishwibe izingalo

Ngihamba mazonzwane

Ngithinth' ikhala lami.





13

Imikhuba emihle yezempilo

Ithemu I – ISonto 7 – Ikhasi lokusibenzela



Masifunde


Sidingani ukuze sihlale siphilile?

**Ukudla
okunempilo**



**Ukuzivocavoca
ngokwanele**

**Ukuhlala
sihlanzekile**



**Ukuba lapho
kunomoya
ohlanzekile khona**

**Ukulala ngokwanele
nokungabuki
umabonakude njalo!**




Usuku:



Bhala

Beka uphawu ✓ emikhuben i emihle kanye nophawu ✗ kwemibi.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Ukuhlanzekwa

Masenze lokhu

Izinto esizisebenzisayo
ukuzigcina sihlanzekile.



umuthi wokuxubha



isixubho



insipho



ukhilimu wezandla



ishampu



ikama



ibhulashi



ibhulashi lezinzipho



umshini wokunquma izinzipho

Usuku:



Masiphumele
ngaphandle

Bambanani ngezandla nime indilinga.

Nikezelanani ngebhola endilingeni.

Engezani ngelinye ibhola ninikezelana.

Engezani ibhola lesithathu niqhubeka nokunikezelana.



Masikhulumo

Yini engaqeqekile kuleli gumbi lokulala?

Kumele wenzeni ukuze kuqoqeke egunjini lokulala?

Zenzani izingane? Yini okumele ziyenze empeleni?



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Isimo sezulu engisithandayo

Ithemu I – ISonto 8 – Ikhasi lokusebenzela




Buka izimo ezahlukene zezulu utshele umngane wakho ukuthi yisiphi isimo osithanda kakhulu.


kunomoya



libalele



imvula



liguqubele kuyabanda



Kwezinye izingxenye zezwe kuyaye
kubande ngendalela yokuthi ligcine likhithika.

Kwesinye isikhathi kuba nesichotho.

Imimoya evunguza ngamandla ibizwa ngesiphepho.



Masenze lokhu

Dweba isithombe sakho usemvuleneni noma eqhweni.

Dweba isithombe sakho ephepheni elikhulu usebenzise amakhilayoni eweksi.

Xuba upende wokudla olohlaza sasibhakabhaka bese upenda ngawo ikhasi lonke.


Thela upende omhlophe phezu kwesithombe.

Usuku:




Masifunde

Sisebenzisa ishadi lesimo sezulu ukusho ukuthi izulu linjani. Sisebenzisa izimpawu ukukhombisa izinhlobo ezahlukene zesimo sezulu.



libalele



liyana



liguqubele




kuneqhwa



lithe gqwa-gqwa ngamafu

linomoya



Masikhulume

Tshela abangane bakho ukuthi ugqoka luhlobo luni iwezimpahla esimweni ngasinye sezulu.



Masenze lokhu

Dweba izimpawu zesimo sezulu wenze ishadi lakho eliveza isimo sezulu sesonto lonke.

uMsombuluko

uLwesibili

uLwesithathu

uLwesine

uLwesihlanu



Bhala

Belinjani izulu kuleli sonto?
Gcwalisa amagama adingekayo.

Namuhla li-

Izolo beli-

Ngethemba ukuthi kusasa lizobe li-





16

Isimo sezulu

IThemu 1 – ISonto 8 – Ikhasi lokusebenzela



Masenze lokhu

Lingisa izimo ezahlukene zezulu.



Vula izingalo uziphakamisele ngaphezu kwekhanda wenze isimo sefu elikhulu.



Sebenzisa isambulela ukuzivikela elangeni.



Sebenzisa izandla ukulingisa umoya omkhulu.



Phakamisa isambulela ukhombise ukuvika ukududulwa wumoya omkhulu.



Lingisa amaconsi emvula enkulu asuka ophahleni.




Usuku:



Masiphumele
ngaphandle

Bambanani ngezandla nenze indilinga.

Phonselanani ngebhola.




Thola izindlela eziningi zokuzama ukuhamba entanjeni ungawi. Thola izindlela ongazisebenzisa ezahlukene zokuhambahamba uya kubangane ofunda nabo.



Masizijabulise

Dlala u-gxa.

Dweba izikwele neziyingi enhlabathini.



Masiphumele
ngaphandle

- Tshengisa umgani wakho ukuthi idlalwa kanjani ingqathu.
- Uthisha wakho uzokukhombisa ukuthi idlalwa kanjani imidlalo yesintu.



Umndeni wami

Masikhulume

Uthi bewazi ukuthi imndeni ayifani?

Eminye imndeni mikhulu eminye mincane.

Eminye inomama nobaba kanti eminye kayinabo.

Eminye imndeni ihlala nogogo nomkhulu, nomalume,
nomamncane kanye nabazala.



Buka lezi zithombe utshele umngane wakho ukuthi le minden ihlukene ngani omunye komunye.
Sebenzisa amagama akuleli bhokisi.

umama

ubaba

udadewethu

umkhulu

umfowethu

umntwana

ugogo

umndeni





Bhala

Uhlala nobani ekhaya lakho?

Uhlala nobani ekhaya?



Ekhaya kunabantu aba- _____.

Ngubani omncane kunabo bonke abantu ekhaya? _____.

Ngubani omdala kunabo bonke? _____.



Masikhulume

Sonke sinemisebenzi esiyenzayo emakhaya ethu. Bheka izithombe ezingezansi, bese usho ukuthi ngubani owenza le misebenzi ekhaya kini.



Bhala umusho owodwa ngomsebenzi owenze izolo ekhaya.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Umndeni wami

Masizjabulise

Dweba isithombe sento eniyenza ndawonye nomndeni wakho.
Yisho ukuthi ngubani lo muntu. Sebenzisa lawa magama, azokusiza.

umama

ubaba

udadewethu


umkhulu

umfowethu

umntwana

ugogo

umndeni





Siyanakekelana

19



Masif unde

Iminden i kumele ithandane futhi inakekelana. Sikhombisa ukuthi siyathandana ngokwanga, ngokusizana kanye nokuhloniphana . Sidinga ukwenza lokhu ...

- ukusizana.
- ukuhloniphana
- ukwenza imisebenzi esiyinikeziwe gesikhathi.
- ukuzinikela
- kukho konke esikwenzaya.





Masikhulume

Buka lezi zithombe bese usho ukuthi laba bantwana bayakhombisa ukuthi bayayinakekela iminden yabo. Yenza samdlalo ukubonisa lokho okwenzeka esithombeni ngasinye.



Masenze lokhu

Dweba isithombe sento oyenzayo ukukhombisa ukuthi uyawunakekela umndeni wakho. Tshela umngane wakho ukuthi udwebeni.



37

IThem 2 – Isonto 2 – Ikhasi lokusebenzela



Masikhulume

Xoxa ngokuthi anakekelana kanjani lawa malungu omndeni. Nikeza izithombe izinombolo usukele koku-l uye kowe-4 ukukhombisa ukulandelana kwezinto.



Masifunde

Imisebenzi yakusihlwa

Umama upheka ukudla.

Ubaba ugeza izitsha.

Mina nomfowethu sisiza umama nobaba.

Sisiza kakhulu.

Sibeka ubisi nesinkwa.

Sesilungele ukuyolala.

Sixoxele izindaba zakusihlwa!





Masenze lokhu

Yenzela umuntu okuthandayo ikhadi. Dweba isithombe bese ubhala igama lalowo muntu.



Masenze lokhu

Ungakwenza yini okulandelayo?

	ukudlulisa ibhola ngokulishaya phansi liye kumngane.	yebo	cha
	ukudlulisa ibhola ngokulijikijela lidlulele kumngane.	yebo	cha
	ukushaya ibhola ngamadolo.	yebo	cha
	ukushaya ibhola liye emapalini.	yebo	cha
	ukudlulisa ibhola emapalini.	yebo	cha
	ukukhahlela ibhola lishaye amapali.	yebo	cha







Ukuphepha ngaphakathi nangaphandle kwekhaya (1)

Kumele sihlale siphephile njalo uma sisekhaya. Kodwa kunezinto eziningi ezinobungozi emakhaya. Buka lesi sithombe, khuluma nomngane wakho ngezingozi ezingaba khona emakhaya uxoxe ngazo.

Ekhishini

- Phendula izibambo zamabhodwe zibheke emuva esitofini.
- Ungabeki imimese ebukhali noma yikuphi nje.
- Valela upharafini nemithi endaweni ephephile.
- Ungabeki amathoyizi noma yikuphi endlini.



Ekamelweni lokugezela

- Ungasebenzisi izinto zikagesi eduze kwamanzi.
- Ungazishiyyi eduze kwamanzi.
- Foka izikele nezinye izinto ezibukhali ekhabetheni.
- Ungasebenzisi isixubho sakho nabanye abantu.

Usuku:




Ukuduma kwezulu, umbani nogesi.

- Ungalinge ume ngaphansi kweshlahla uma liduma
- Ungafaki lutho ezimbotsheni zikagesi ezirodongweni. Cela umuntu omdala akusize.

Ngaphandle


- Cosha zonke izinto ezilimazayo, ezifana namabhodlela afile, ukufake emgqonyeni kadoti.
- Ungadlali eduze kwephuli kungekho umuntu omdala eduze kwakho.



Ekhaya ngaphakathi

- Ungabeki amathoyisi noma kuphi endlini.
- Ungadlali ngopharafini kanye nezinto eziwushev.
- Uma ubona ukuthi intambo kagesi yeketela kumbe ye-ayini ihlubekile, cela umama noma ubaba ayilungise.





Ukuphepha ngaphakathi nangaphandle kwekhaya (2)


IThemu 2 – ISonto 3 – Ikhasi lokusebenza



Masikhulume

I. Ukuhlala uphephile

Buka lezi zithombe usho ukuthi yisiphi esinokuphepha yisiphi esingenakho. Beka uphawu (✓) kulezo ezinokuphepha ubeki uphawu (✗) kulezo ezingenakho ukuphepha. Yisho ukuthi kungani kuphephile noma kungaphephile.



Usuku:



Masikhulume



Ingabe zikhona yini izinto ezingaphephile ekhaya lakho? Yini ongayenza ngalokho? Ushevü, imithi, kanye nezinye izinto zokuhlanza indlu zingaba nobungozi kakhulu. Ungalinge uphuze into ongenasiqiniseko sokuthi iyini.




Lolu phawu luchaza ukuthi kunento ewushevü ebhodleleni, ebhokisini kumbe ethinini. Uke walubona lolu phawu ngelinye ilanga?



Masinyakaze

Uthisha wakho uzokudlalela umculo.

- Dansa uhambisane nesigqi somculo.
- Khethani umholi. Lo mholi kumele naye adanse ahambisane nesigqi somculo.
Wonke umuntu makalandele umholi enze akwenzayo ngendlela efanayo.
- Yima ngomlenze owodwa.
- Yima ngalona omunye umlenze owodwa futhi.
- Yimuphi umlenze osebenziseka kangcono?
- Beka intambo ende phansi kumbe udwebe umugqa phansi. Hamba phezu kwentambo kumbe umugqa, uzame ukungagudluki kuwo.
- Guqla-ke manje indlela intambo emi ngayo noma umugqa owudwebile, phinda uhambe phezu kwawo ungagudluki.



Ukuphepha uma ngisele ngedwa ekhaya



Sewufundile ngezinto
ezingakulimaza ekhaya
kanye nasendaweni ezungeze
ikhaya lakho. Ungazigcina
kanjani uphephile uma usele
wedwa ekhaya.

Uma uwedwa ekhaya,
zama ukwenza lezi
zinto ezilandelayo ukuze
uhlale uphephile.



Ungabavuleli abantu ongabazi
uma bengqongqoza.



Khiya zonke izicabha
eziphumela ngaphandle.

Usuku:



- Qiniseka ukuthi unocingo nezinombolo zabazali bakho eduze. Yiba nezinombolo zomakhelwane futhi.
- Yenza uhlu lwezinombolo ezibalulekile, ongazisebenzisa uma kwenzeka udinga usizo.




Bhala

Zakhele uhla lwakho lwezinombolo ezibalulekile.

The whiteboard has four colored sections:

- Eyamaphoyisa:** (Green section) Shows a police car. The text is in Zulu: "Zakhele uhla lwakho lwezinombolo ezibalulekile."
- Eyabacishimlilo:** (Blue section) Shows a fire truck. The text is in Zulu: "Bhala".
- Eye-ambulense:** (Yellow section) Shows an ambulance. The text is in English: "Eye-ambulense".
- Ekamakhalekhukhwini kamama:** (Red section) Shows a police car. The text is in English: "Ekamakhalekhukhwini kamama".
- Ekamakhalekhukhwini kababa:** (Red section) Shows a fire truck. The text is in English: "Ekamakhalekhukhwini kababa".

Ngubani omunye ongamshayela uma udinga usizo?



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Okunye okufanele ukukhumbule

Ithemu 2 – ISonto 4 – Ikhasi lokusebenza




Masikhulume


Nansi indlela elula yokukhumbula inombolo yamaphoyisa. Buka isithombe utshele umngane wakho ukuthi izithombe ozibonayo zikusiza kanjani ukukhumbula izinombolo zocingo. U-10111 yinombolo yamaphoyisa. Yisho izikhathi eziningana kulandelana uze uyazi ngekhanda.



1



0



111



Masiphumele ngaphandle

Khombisa ukuthi ungenzani uma uyingane ubona lezi zithombe.



Khombisa ongakwenza uma ulandelwa noma usukelwa wumuntu ongamazi?



Khombisa ongakwenza uma uzama ukusiza umama ukuthi axove inhlama yokubhaka amakhekhe?




Khombisa ongakwenza uma uzithole unyathela ibhodlela elifile?



Masenze lokhu

Bheka ukuthi ungakwazi yini ukuzakhela indlu yakho.

- Funa amabhokisi wakhe ngawo izindonga nophahla.
- Ungahlanganisa amabhokisi ngento yokunamathisela.
- Uma indlu isiphelile, ungayipenda.
- Uma ungawatholi amabhokisi ongakha ngawo, sebenzisa noma yini enye ngaphandle kokusangilazi namathini ngoba kona kungakulimaza.



Masiphumele ngaphandle

Phonsa isaka noma ibhola phezulu ukunqake ngesandla ongavamile ukusisebenzisa.

Siza uthisha wakho nikhipheli ngaphandle kwekilasi izihlalo, amatafula kanye namabhokisi.

Gibela esihlalweni noma etafuleni nasebhokisini, gaqa ngamadolo uphume ngaphansi kwazo, ugxume usuke kokunye uye kokunye.

Zama ukuma ngonyawo olulodwa phezulu kwesihlalo.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Umzimba wami

Bhala

Bhala amagama ezikhale ni ezifanele.

umlenze

isandla


ikhanda

isisu

unyawo

ingalo

IThemeu 2 – ISonto 5 – Ikhosi lokusebenzela





Masidwebe

Qedela lo mdwebo wobuso.

Dweba izinwele. Zama ukukopisha ubuso bakho. Uma unamehlo amnyama, zidwebe unamehlo amnyama. Uma unezinwele ezimnyama, dweba izinwele zibe mnyama.

Dweba amashiya, ikhala nomlomo wakho.

Ubuso yingxenye ebalulekile emzimbeni wakho.

Umantu ngamunye sinamehlo ama-2.



Umuntu ngamunye sinezindlebe ezi-2.



Umantu ngamunye sinekhala eli-l.



Umantu ngamunye sinomlomo o-l.



Masicule

Cula leli culo. Thinta ingxenye yomzimba ngesikhathi ubiza igama layo.

Ikhanda namahlombe

Ikhanda mahlombe, madolo nezinzwane,

madolo nezinzwane, madolo nezinzwane

Ikhanda mahlombe, madolo nezinzwane

madolo nezinzwane, madolo nezinzwane


Ikhanda mahlombe, madolo nezinzwane,

madolo nezinzwane, madolo nezinzwane.



Masiphumele
ngaphandle

Dlala umdlalo othi "uSimoni uthi..."




Izinzwa zami

Themu 2 – ISonto 6 – Ikhasi lokusebenza



Masikhulume

Buka izinhlobo ezahlukene zezinzwu bese usho ukuthi sizisebenziselani?



Masifunde

Sisebenzisa izinzwa zethu nsuku zonke.

Siyahogela siphinde sikunambithe ukudla.

Siyakwazi ukuthinta sizwe ukuthi uphaphe luthambe kangakanani.

Siyabona ukuthi isibhakabhaka siluhlaza ehlolo.

Siyawulalela umculo.

Izinzwa zethu ziyanzenza siphephe futhi.

Siyayihogela intuthu uma kunomlilo.

Siyasithinta isitofu ukuzwa ukuthi siyashisa yini.

Siyabona uma kungaphephile ukuwela umgwaqo.

Siezeza uma kukhala i-alamu esixwayisa ngengozi.





Masenze lokhu

Ukunakekela amehlo nezindlebe.

Sidinga ukuzinakekela izitho zethu
zomzimba ezihambisana nezinzwa.

Nazi izindlela zokunakekela amehlo
akho nezindlebe.



Nakekela izindlebe
ngokugwema ukulalela
umculo okhalela phezulu.



Nakekela amehlo ngokugqoka
ikepisi kumbe izibuko zamehlo.
Ungalibuki ilanga ngqo.



Bhala

Buka ithebula elingezansi, beka uphawu ✓ kuleyo nzwa kumbe izinzwa
ozisebenzisayo. Ungabeka uphawu ezinzweni eziningi uma uthanda.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Ukunyakazisa umzimba wami


IThemu 2 – ISonto b – Ikhasi lokusebenza



Masikhulume

Buka lezi zithombe. Yisho ingxenye ngayinye yomzimba ukuthi kuthiwa yini futhi ikusiza ukwenzani.

Sisebenzisa imizimba yethu ukunyakaza.



Bhala

Phendula le mibuzo ndawonye nomngane wakho.
Bhala izimpendulo encwadini yakho ngaphansi kwemibuzo.

Iyiphi ingxenye yomzimba oyisebenzisa uma uhamba?



Usebenzisa ziphi izitho zomzimba uma ufunu ukucosha okuthize?



Masiphumele ngaphandle

Uthisha wakho uzokutshengisa ukuthi umdlalo "wekati negundane" udlalwa kanjani.







Masifunde

Kunezingxenye zomzimba wakho ongeke ukwazi ukuzibona.
Zonke ziyasezbenzisana ukwenza ukuthi uphile.

Amathambo



Izingxenye zomzimba ezikusiza ukuthi uphefumule




Cabanga ngokuphepha

IThemu 2 – ISonto 6 – Ikhasi lokusebenza



Masikhulume

Buka lezi zithombe ezingezansi bese utshela umngane wakho ukuthi ubonani.
Chaza ukuthi isithombe ngasinye sithi ungenzanjani ukuze uphephe.



Ubona umngane wakho ngaphesheya komgwaqo.



Ulinde ibhasi wedwa esitobhini.



Umuntu ongamazi ucela ukuthi uhambe naye.




Ulahlekile ezitolo.

Usuku:



Sinomuzwa wokuvuma uma umuntu
esigona, lokhu kuzwakala kulungile.
Kumnandi ukugonwa ngumuntu
omthanda ngendlela enobungani
nothando.



Woza lapha ntombazane.
Ngizokuthengela uswidi.

Sinomuzwa wokunqaba uma umuntu
esithinta ngendlela eyethusayo
neyesabisayo. Uma sethuka
noma sizwa sesaba siba nomuzwa
wokunqaba.

Umzimba wakho ubalulekile futhi ngowakho.

**Ungavuma kuphela uma KUKUHLE ukuthintwa
omunye umuntu, unqabe uma KUNGEKUHLE.**



Uthisha:
Sayina:
Usuku:



Ukuzigcina uphephile

IThemu 2 – ISonto 7 – Ikhasi lokusebenzela



Bhala

Buka lezi zithombe ezingezansi bese ubhala Yebo uma uvuma ngalokho okuzwayo, ubhale “cha” uma ungakuvumi lokho okuzwayo.



Usuku:



Masenze lokhu

Zijwayeze ukuthi "Cha" ngokusho uphindaphinde.

Dlalani umdlalo lapho nizokwenza omunye wenu abe ngumuntu eningamazi ofuna ukuthathha umntwana ngemoto noma ofuna ukumthinta ngendlela engafenele. Lowo mntwana makathi "cha".



Masikhulume

Abanye abantwana banamakhaya abahlala kuwo benganakekelwe mutu. Buka lezi zithombe. Xoxa usho ukuthi ungathini uma uyingane oyibona esithombeni. Yisho ukuthi wena ungenzanjani.



Masiphumele
ngaphandle

Dlala umdlalo "wokuma unganyakazi".

Nyakaza uye noma yikuphi, kodwa uma uthisha eshaya impempe, yima unganyakazi. Kumele unganyakazi kuze kusho uthisha ukuthi sewunganyakaza. Uyakwazi ukuma unganyakazi ngempela?

Hamba ulandele intambo ebekwe phansi ubone ukuthi uyakwazi yini ukuyilandela ungaphumi nakancane.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:

Ukugcina umzimba wami uhlale upholile



Masifunde





Kunezindlela eziningi esingazithola sesigula ngazo. Ezikhathini eziningi sigula ngoba singenwe ngamagciwane. Amagciwane mancane, asikwazi ukuwabona. Angangena emizimbeni yethu asigulise.



Masikhulume

Zenzani izingane ozibona esithombeni ukuzigcina ziphilile?
Yini engenzeka uma zingayeka ukwenza lokhu ezikwenzayo?



Usuku:



Masikhulume

Khuluma ngalezi zithombe. Faka uphawu ✓ ezithombeni ezikwenza
uhlale uphilile. Faka uphawu ✗ ezithombeni ezikwenza uziwe ugula.



Ukugcina umzimba wami uhlale upholile (2)



Masikhulume

Uthi bewazi ukuthi kunezindlela eziningi zokuhlanza amanzi?

Ithemu 2 – Isonto 8 – Ikhasi lokusebenza

Uthi bewazi ukuthi kunamanzi ahlanzekile kanye nangcolile? Ungaqiniseka kanjani ukuthi amanzi ahlanzekile futhi akulungele ukuphuzwa?

Ungabilisa amanzi angcolile ngeketela ukubulala amagciwane.



Ungakucwenga ukungcola. Uthisha wakho angakubonisa ukuthi lokhu kwenziwa kanjani.

Ungafaka ithisipuni lebhilishi (InjenjeJik) ebhakedeni elingamalitha angama-20 amanzi. Livale ibhakede ukuze kungangeni izimpukane. Makuphele amahora angama-28 bese uwaphuza-ke lawo manzi.



Usuku:



Masikhulume


Buka lezi zithombe bese
uxoxa ngalokho okubona
kwenziwa yizingane ukuze
zihlale ziphilile.



Lahla amathishu assetshenzisiwe
emqqonyeni kadoti kumbe
endlini encane.



Geza izandla
ngaphambi
kokuthi udle.




Geza izandla emva kokuya
endlini encane.

Uma ungcolisile endlini encane,
yihlanze bese ugeza izandla.



Vala umlomo uma ukhwehlela
noma uthimula.



Make sibone-ke



Masikhulume

Chaza ukuthi yini
oyifundile kumathemu
amabili adlulile.



Ngiyakwazi ukukhuluma ngomndeni wami.	<input checked="" type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukuhamba phezu kwentambo encane.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyazazi izinombolo zocingo zamaphoyisa.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukuthi "yebo" noma "cha" uma kufanele.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukunqaka ibhola.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukuhlala ngiphephile ekhaya.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukuzinakekela uma ngingedwa ekhaya.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyawusiza umndeni wami.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyasazi isikole sami ngaphakathi nangaphandle.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukuzigcina ngiphilile.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyakwazi ukusebenzisa zonke izinto ezisesikhwameni sami sesikole.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngiyazazi izinhlobo ezikhona ezahlukene zemindeni.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ngifunde izinto eziningi esifundweni sAmakhono Empilo.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>

Usuku:



Isichazamazwi sami

A
a

G
g

B
b

H
h

C
c

I
i

D
d

J
j

E
e

K
k

F
f

L
l





Isichazamazwi sami

M
m

S
s

N
n

T
t

O
o

U
u

P
p

V
v

Q
q

W
w

R
r

X - Z
x - z

